# Storybooks South Africa

global-asp.github.io/storybooks-southafrica

## Lesolo La Go Bušetša Moya Wa Go Keteka Seruthwane / Silangazelela Ugqozi Lokubungaza Intwasahlobo

Written by: Mosa Mahlaba
Illustrated by: Selina Masego Morulane
Translated by: Dikeledi Queen Phokane (nso), Zanele Zuma (zu)

This story originates from the African Storybook ( africanstorybook.org) and is brought to you by Storybooks South Africa in an effort to provide children's stories in South Africa's many languages.

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 International License.
https://creativecommons.org/licenses/by/4.0

# Lesolo La Go Bušetša Moya Wa Go Keteka Seruthwane

# Silangazelela Ugqozi Lokubungaza Intwasahlobo



Mosa Mahlaba
Selina Masego Morulane
Dikeledi Queen Phokane
Sepedi / Zulu
Level 4



Phefo ya marega e fetile. Seruthwane se be se kokota motseng wa boNkanyezi. Go se go ye kae badudi ba tla be ba kgobokana e le ge ba keteka sehla se seswa. Nkanyezi o be a letetše go keteka mokete wa Seruthwane ka tetelo ye kgolo go feta mekete ye mengwe ya mo ngwageng.

. . .

Umphakathi wakubo Nkanyezi wawusulindele ukungena kwentwasahlobo. Maduzane nje, izakhamuzi zase zilungisela ukugubha umkhosi wokungena kwesikhathi sonyaka esisha, okwabe kuyintwasahlobo. UNkanyezi, njengomunye wesakhamuzi, naye wayewulangazelela lo mkhosi. Kwakuzoba wusuku oluhlukile kunazo zonke ezinye izinsuku.





Ge a fihla gae, badudi ba be ba mo kgobokanetše ba nyaka go kwa tša leeto la gagwe. O ile a ba hlalošetša dinonwane tša dilo tšeo a di bonego, a di kwilego le tšeo a di jelego. O ile a bula mokotla wa gagwe gore a kgone go abelana ka dimpho tšeo a tšwago le tšona. Badudi ba ile ba thabela go amogela dimpho tšeo tša matsaka. Mabobo a ba bangwe le tlhohleletšo ya Nkanyezi di tlišitše mmala, koša le mmino go batho. Ka go realo, moya wa go keteka o ile wa tsošološwa motseng wa Ndlovu.

. . .

Wathi efika ekhaya, izakhamuzi zaqoqana, zamzungeza zifuna ukuzwa ngohambo lwakhe. Wabe esevula isikhwama sakhe, wabakhombisa izipho ayephiwe zona ngezinye izizwe. Umphakathi waseNdlovini wazijabulela zonke lezi zipho. Izipho ayephiwe zona ngezinye izizwe kanye nesibindi sakhe uNkanyezi, kwaletha inguquko esizweni saseNdlovini. Isizwe sabona ngamanye amehlo, sabuyelwa umdlandla, sacula sajabula. Ngaleyo ndlela ugqozi lokubungaza imikhosi lwabuya esigodini saseNdlovini.



Letšatši le le latelago, lekgotla la go apea le ile la mo utollela sephiri sa senoki seo sa go tliša tatso ye monate ya nama. “Morwedi wa rena,” ba realo, “ka dinoki tše, re go tshepiša gore batho ba tla ja wa mpanapalega! Re go fa mpho ya dijo tše dibose.” Nkanyezi o ile a leboga ba bagolo gomme a tšhela dinoki ka mokotleng wa gagwe. O be a tseba gore o swere tšohle tšeo a di hlokago. Ka mafolofolo a maswa, a thoma leeto la gagwe le letelele la go boela motseng wa Ndlovu.

. . .

Ngakusasa abapheki bendawo bamnika inhlanganisela yabo yezithako eziyimfihlo. Bamnika bethi kuye, “Uyabona ndodakazi, ngalezi zithako, bayodla basuthe, beneliseke kwelakini. Ngalesi sipho, uyopheka ukudla okumnandi.” UNkanyezi wabonga wanconcoza, wathatha isipho sakhe, wasifaka esikhwameni sakhe. Manje kwase kumcacela ukuthi usenako konke ayekudinga. Wayesethole amandla nomfutho ukuphindela ekhaya, esizweni saseNdlovini.





Mosong wo mongwe wa borutho, Nkanyezi o ile a kwa baetapele ba babedi ba motse ba bolela ka mokete. “Batho ba Ndlovu ba lahlegetšwe ke moya wa go keteka,” yo mongwe wa bona a realo. “Na re ka keteka bjang Seruthwane mo motseng woo badudi ba wona ba lebetšego gore go ketekwa bjang?” yo mongwe a botšiša.

. . .

Ngelinye ilanga wathi uNkanyezi ezihlalele nje, wezwa abantu abadala ababili bexoxa ngalo mkhosi. “Abantu balapha esigodini saseNdlovini abasenalo isasasa lokugubha umkhosi wokwethwasa kwehlobo,” kuphawula omunye wabo. “Singawugubha kanjani umkhosi wokwethwasa kwehlobo, endaweni lapho abantu sebakhohlwa nokuthi lugujwa kanjani lolu suku?” kubuza lo omunye.



Nkanyezi o be a belaela. “Na ngwedi o tla apogelwa ke maru neng ge e se fela gore re itsotsorope?” a ipotšiša potšišo yeo. Nkanyezi a gopola ka seo nako ye telele. “Ke swanetše go hwetša seo se re lahlegetšego,” a akanya ka go realo. “Ke swanetše go yo nyaka dilo tšeo di tla bušetšago moya wa go keteka mo motseng wa gešo.”

. . .

Yamkhathaza uNkanyezi le nkulumo yabantu abadala. Khona manjalo wezwakala esezibuza, eziphendula. “Singasikhuthaza kanjani isizwe esesiphelelwe umdlandla wokugubha umkhosi wentwasahlobo?” Emva kokucanga ngalesi simo, wabe esethatha isinqumo, wathi, “Kufanele ngithole ukuthi ngabe salahleka kuphi njengesizwe. Kufanele ngiphume, ngiyothola loko okwasilahlekela thina sizwe saseNdlovini, ngibuye nesu lokubuyisa umdlandla nogqozi lokubungaza emphakathini wakithi.”



ugqozi lokugubha imikhosi kubantu bakubo.



Ka letšatši la boraro a le leetong, ge a feta tšhemo ya go ba le dikgomo tša go nona, nko ya gagwe ya thoma go hlohlona. Monkgo wo mongwe o be o tsikinya dihlaa tša gagwe gomme molomo wa gagwe wa thoma go rothiša mare. O ile a latelela monkgo woo gomme a fihla motseng wo mongwe fao a hweditšego batho ba emeleditše dipitša tšeo di bego di apeile dinama. Setšhaba se se be se tsebega ka mekete ya sona. Nkanyezi ga se a ka a leka ditatso tša dinama tšeo tša bona. Morago ga go ja sesola sa gagwe, o ile a hlalošetša ba bagolo ba motse mabapi le leeto la gagwe la go bušetša moya wa go keteka go batho ba gabo.

. . .

Ngosuku lwesithathu lohambo lwakhe, iphunga elimnandi lenyama lwaconsisa amathe. Lamdonsa leli phunga laye lamfikisa la liphuma ngakhona. “Kuyabuswa lapha, abantu bemi eduze kogalaza bamabhodwe, inyama iyaphuphuma, iphunga lithi lunga mphimbo, uzogwinya.” Wayeqala ngqa uNkanyezi ukuzwa ukudla okumnandi ngale ndlela. Emva kokuba ephiwe naye ukudla wazenelisa, wabe esebatshela abadala ngenhloso yohambo lwakhe. Wayefuna izindlela angabuyisa ngazo





Ba bagolo ba ile ba mo fa ditšhegofatšo tša bona leetong la gagwe. Ba ile ba mo fa mokotla wa go rwala dilo tšeo a ka di hwetšago. Nkanyezi o be a tšhogile efela o be a na le tshepo ya gore o tla tšwelela.

. . .

Abadala baseNdlovini bamnika zonke izibusiso uNkanyezi ngohambo ayezoluthatha. Bamnika nesikhwama ayezofaka kuso loko ayezokuthola kuwusizo. Wayenakho ukwesaba, kodwa futhi ekholelwa ukuthi uhambo lwakhe luzoba yimpumelelo.



Nkanyezi o ile a sepela letšatši ka moka. O ile a namelela thabana, a ba a theogela moeding. A putla noka ye kgolo ka go thala, a ba a namela ka gare ga matlapa a go hlaba. O ile a matšha go putla melala go fihlela ge a fihla morithing wa dithaba tše khubedu.

. . .

Nempela lwaqala uhambo lwakhe. Wahamba usuku lonke. Wayekhuphuka ehla imimango. Wayewela umfula omkhulu, ecaca eqa amadwala ayingozi. Wahamba njalo edlula amathafa waze wayofika ngaphansi kwezintaba ezibomvu.





Kgoši o ile a bitša Nkanyezi e sa le mesong. “Ngwana’aka,” a realo, “tšea moropa wo wa go ikgetha. Moropa wo o ntšha koša ye mpsha nako ye nngwe le ye nngwe ge o o letša.” Nkanyezi a leboga ba bagolo gomme a tšea moropa a o tšhela ka mokotleng wa gagwe. Morago ga moo a tšwela pele ka leeto la gagwe, a thabišitšwe ke mpho ya mmino le go bina.

. . .

Ekuseni, induna yaseBhubesini yambiza uNkanyezi. Yabe seyithi kuye, “Mtanami, nasi isigubhu sekhethelo esikupha sona. Lesi sigubhu sikunika iculo elisha lapho usishaya.” UNkanyezi wabonga wanconcoza. Wasithatha wasifaka esikhwameni sakhe. Waqhubeka nohambo lwakhe ejabulele lesi sipho esikhipha umculo abantu badanse.



Nkanyezi o ile a ikhwetša a le ka gare ga motse wa Bhubezi. Batho ba be ba dutše ba ora mollo, ba betha meropa le go opela. O be a thoma go kwa mmino woo wa go makatša. O ile a hlalošetša batho ba bagolo ba motse mabapi le leeto la gagwe la go bušetša moya wa go keteka bathong ba gabo. Batho ba Bhubezi ba ile ba mo laletša go ikhutša le go robala moo motseng bošegong bjoo.

. . .

Wahamba wazibona esefikile esigodini saseBhubesini, lapho isizwe sakhona sasihleli sizungeze umlilo, sishaya iszigubhu, sicula. Wayengakaze ezwe umculo omnandi ngaleya ndlela. Nakhona wafike walwethula udaba lwakhe kubantu abadala bendawo. Wabatshela ngenhloso yohambo lwakhe efuna ukubuyisa ugqozi lokugubha imikhosi yendalo emphakathini wakubo.





Ge leswiswi le thoma go swara, Nkanyezi o ile a fihla motseng wa go ba le dipaterone le mebalabala yeo a bego a e bona la mathomo mo bophelong bja gagwe. O ile a hlalošetša baetapele ba motse ka leeto la gagwe la go bušetša moya wa go keteka go batho ba gabo. Mmago setšhaba se, o ile a fa Nkanyezi mpho. O boditše mosetsana go re, “Ka lerato, re go fa pente ye gore o tsošološe mmala motseng wa geno woo o fetogilego lerotho.” Nkanyezi o ile a leboga batho ba bagolo gomme a tšhela pente ka mokotleng wa gagwe. Ge letšatši le hlaba Nkanyezi o ile a tsogelela tsela, a thabetše mpho yeo a filwego yona ya mmala.

. . .

Kwathi kuhlwa, uNkanyezi wayefika kwesinye sezigodi esakhelene nesaseNdlovini. Imizi yakhona ihlotshiswe ngemibala angakaze ayibone ngaphambilini. Wacazela abadala bendawo ngohambo lwakhe. Omunye wabesifazane walesi sigodi wanika uNkanyezi isipho, wathi kuye, “Sikunika lo pende ngothando ukuze ubuyise ukukhanya nokubukeka emphakathini wakini.” UNkanyezi wathatha lesi sipho, wabonga, wasifaka esikhwameni sakhe. Ekuseni ngakusasa, waqhubeka nohambo lwakhe,

enokujabula.





Nkanyezi o sepetše letšatši ka moka ka gare ga sethokgwa sa mehlare ye megologolo. Ge legodimo le thoma go swiswala, tsela e se sa bonala, a kwa modumo wa meropa. O ile a kitimela fao modumo o tšwelelago gona, o be a e kwa maikutlo a moya wa go bina o tsenelela maotong a gagwe ao a lapilego.

. . .

Kwasa okungaliyo, waqhubeka nohambo lwakhe, ehamba ethubeleza phakathi kwamahlathi. Kwaqala ukuhlwa futhi, akabe esabona kahle ngenxa yobumnyama. Yize wayengasaboni kahle, izindlebe zakhe zona zayizwa yonke imisindo. Wezwa umsindo wokukhala kwezigubhu. “Kwamnandi loku engikuzwayo, mangiphakamise izinyawo.” Ngempela wahambela phezulu, eya ngalapho kukhala ngakhona izigubhu. Ubumnandi balo msindo babuletha umfutho ezinyaweni zakhe ezikhathele.